HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKAJUNI 2018

IPHEPHA LOKUQALA ( PAPER I)

IBANGA LESISHAGALOMBILI (GRADE 8)

ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA (FAL)

NON MOTHER TONGUE

ISIKHATHI 2 Amhr.

AMAMAKI 80

QAPHELA

- Fundisisa LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula.
- Phendula YONKE imibuzo njengoba uyalelwe.
- Bhala ngesiZulu esihle esivumelekile.
- Bhala upelomagama olwamukelekile.
- Qala isiqephu ESISHA
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.

OKUHLE KODWA!!!!

## ISIQEPHU A

1. Fundisisa indaba elandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.

**Uhambo Lwami**

Igama lami uSakhile Gumbi. Ngihlala eKloof. Ngamaholide ngizovakasha (visit). Ngizohamba nomndeni wami; abazali bami, udadewethu uNokuthula, umfowethu uSizwe kanye nogogo. Sizovakashela umalume ohlala eKapa. Umalume unepulazi elikhulu eduze nedolobha laseKapa.

Umama uthe sizogibela ibhanoyi elisuka eKing Shaka International. Ibhanoyi lithatha amahora(hours) amabili. Ubaba uhlala eGoli kodwa uzobe eseholidini elide likaDisemba. Ubaba uzofika ngoLwesine bese siyahamba siyovakashela umalume eKapa. Sizohamba ekuseni ngehora lesithathu. Ibhanoyi lisuka ngehora lesihlanu ekuseni.

Ngesikhathi ngisebhanoyini ngajabula kakhulu ngindiza ngaphezu kwamafu. Sashesha safika eKapa. Sathi sifika e-airport i-Cape Town International Airport umalume nomalumekazi base besilindile. Sagibela imoto i- Hyundai H1. Kwakumnandi ukubona abazala bami. Ngesikhathi sifika epulazini likamalume sahamba nomzala sayodlala ibhola lezinyawo. Izinsuku eziningi sasihamba izindawo ezihlukene. Saya olwandle, saya eRobben Island nase-Table mountain. Mina ngajabula kakhulu ukugibela intaba yakhona. Ngakujabulela kakhulu ukuya eKapa

1.1 Ubani iagama lomuntu osixoxela le ndaba? (1)

1.2 Uhlala kuphi uSakhile? (1)

1.3 Usakhile uzobe evakashele bani ngamaholide? (1)

1.4 Uzohamba ngani ukuya eKapa uSakhile? (1)

1.5 Kuthatha isikhathi esingakanani ukusuka eThekwini uya eKapa ngebhanoyi? (1)

1.6 Sibizwa ngani isikhumulo samabhanoyi esiseThekwini? (1)

1.7 Usebenzaphi ubaba kaSakhile? (1)

1.8 Bhala izindawo EZINTATHU uSakhile azivakashela ngesikhathi eseKapa. (3)

1.9 Phendula ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA.

1.9.1 Igama likamfowabo kaSakhile uSipho. (1)

1.9.2 Umndeni kaSakhile walandwa nge Hyundai H1. (1)

1.10 Wena uthanda ukuvakashela kuphi? (2)

[14]

2 Funda ingxoxo elandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho EPHELELE

**Kwadokotela**

(USipho uvakashele kwadokotela uhlangana nonesi)

**unesi** : Sawubona mfana, ngingakusiza ngani namuhla?

**uSipho** : Yebo sawubona nesi, ngiyagula (I am sick). Ngifisa ukubona udokotela.

**unesi**: Kuzomele uqale ubhalise (register) ngaphambi kokuthi ubone udokotela.

**uSipho**: Kubiza malini ukubonana nodokotela?

**unesi**: Kuqala emakhulwini amathathu amarandi (R300) kuya phezulu. Ngicela ukubuza ukuthi ubani igama nesibongo baba?

**uSipho**: Igama lami uSipho Mchunu nansi i-ID yami.

**unesi** : Ngiyabonga, ake ngibhale neminye imininingwane yakho.

**uSipho**: Ngizombona nini udokotela?

**unesi**: Hlala lapha. Uzokubiza udokotela uma eseqedile nalesi siguli anaso njengamanje.

**udokotela**: Ngicela ufake olandelayo nesi.

**uSipho**: Sawubona dokotela.

**udokotela**: Ngingakusiza ngani Sipho uphethwe yini?

**uSipho**: Ngiphethwe ikhanda futhi kubuhlungu nesifuba.

**udokotela**: Uqale nini ukugula?

**uSipho**: Ngiqale ukugula ngoMgqibelo emva kokudlala ibhola lezinyawo (soccer).

**udokotela**: Lala lapha embhedeni ngikuhlole (examine). Phefumula ngibone.

**uSipho**: Akuvumi ngiphefumule kahle.

**udokotela**: Kulungile, ngizokunika umuthi wokuthambisa isifuba, nowokuqeda ikhanda elibuhlungu.

**uSipho**: Ngizokuphuza kanjani lokhu?

**udokotela**: Uzokuchazela unesi.

**unesi**: Uzophuza izipuni ezimbili ekuseni nezimbili ntambama. Amaphilisi uzowaphuza njalo uma usulala.

| | |
|---|---|
| **uSipho**: | Ngicela ukukhokha. Ngiyabonga kakhulu. Ngizobuyela nono esikoleni? |
| **unesi**: | Udokotela uthe uzobuyela ngoLwesine. |
| **uSipho**: | Ngiyabonga nisale kahle umama ungilindile emotweni. |
| **unesi**: | Nihambe kahle. |

2.1 Ubani igama nesibongo sogulayo lapha? (2)

2.2 Yimalini ukubona udokotela? Bhala inombolo ngesiZulu. (2)

2.3 Yini okufanele uSipho ayenze ngaphambi kokubona udokotela? (1)

2.4 Uphethwe yini uSipho? Bala OKUBILI. (2)

2.5 Uqale nini ukugula uSipho? (1)

2.6 Udokotela uzomnikani uSipho ukuze abe ngcono? (1)

2.7 USipho uzoyiphuza kanjani imithi yakhe? (3)

2.8 Wayehamba nobani uSipho ukuya kwadokotela? (1)

2.9 Uzobuyela nini uSipho esikoleni? (1)

2.10 USipho udlala muphi umdlalo esikoleni? (1)

[15]

3. Funda lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**IZINDLU! IZINDLU! IZINDLU!**

# THOLI' IKHAYA HOMES

ZICOSHWA PHANSI IZINDLU EMTHUNZINI!

Usukhathele ukurenta?
Uhola imali engaphezu kwezinkulungwane ezi-R5 500.00 ngenyanga?

Woza kwaThol' Ikhaya uzozitholela elakho ikhaya!


ETHOL' IKHAYA HOMES SAKHA IZINDLU:

Ezinamakelo ama-2 amakhulu okulala, ikhishi nendlu yokuphumula.
Zisukela ezinkulungwaneni ezi-R200 000.

Ziseduze nezikole nenxanxathela yezitolo.

Izinto zokuhamba zitholakala kalula.

**PHUTHUMA! PHUTHUMA! PHUTHUMA! UNGAPHUTHELWA!**



**Sithinte:**
**87 Solo Road**
**Mthunzini**
**083 876 8696**
**032 392 8729**
**tholkhaya@gmail.com**

Imithetho Nemibandela
Asibadayiseli abanamagama amabi ebhange.

[Isithombe sicashunwe ku-www.googlepicture.com]

3.1 Kukhangiswani lapha? (1)

3.2 Zidayisa kuphi lezi zindlu ezikhangiswa lapha? (1)

3.3 Umuntu ohola malini ongakwazi ukuthenga le ndlu? (1)

3.4 Yini umsebenzi wakwaTholi'Khaya? (1)

3.5 Izindlu zakwaTholi'Khaya zibiza malini? (1)

3.6 Ziseduze nakuphi lezi zindlu ezidayiswa lapha? Bhala OKUBILI? (2)

3.7 Ithini inombolo yocingo yakwaTholi'Khaya? (1)

3.8 Yimiphi imibandela yakwaTholi'Khaya emayelana nokuthenga izindlu? (1)

3.9 Wena ungayithanda le ndlu yakwaTholi'Khaya? Sekela impendulo yakho. (2)

[11]

**ISIQEPHU B**

4. Gcwalisa izikhala ngamabizo ayizigaba *noun classes* ozinikeziwe ezikokeleni. DWEBELA ibizo olisebenzisile.

[ ogogo umabonakude, izindaba, ingubo, isifundo, imisebenzi, ukufa]

Isibonelo: (i) (**2a**) abasakwazi ukuxoxa izinganekwane manje.

(ii) **Ogogo** abasakwazi ukuxoxa izinganekwane manje.

4.1 Izingane ziyathanda ukulalela (10) ezixoxwa ogogo bazo.

4.2 Izindaba zazingaxoxwa uma kukhona (4) esazokwenziwa ekhaya.

4.3 (1a) iwona osewathatha isikhathi sokuthi umndeni uxoxe kahle.

4.4 .Ugogo udidwa umama ohlezi egqoke (9) efanayo zonke izinsuku.

4.5.. Lo mama wenza (7) sesiNgisi.

[5].

5. Gcwalisa le misho elandelayo ngesivumelwano senhloko esifanele *subject concords*. Bhala umusho wonke.

Isibonelo: Ingane -ncela ibhodlela

Ingane **i**ncela ibhodlela.

5.1 Amadoda –sebenza ezimayini.

5.2 Inkosi –thanda abantu bayo.

5.3 Abafana bebhola –dlala ibhola

5.4 Mina –vakashela olwandle.

5.5 Umfula –gcwele kakhulu.

5.6 Thina –cula iculo lesizwe.

[6]

6. Gcwalisa imisho elandelayo ngezivumelwano zesiphawulo ezifanele *Adjectives*.

Isibonelo: (i) Intombazane ineka izingubo –ngaki?

(ii) Intombazane ineka izingubo ***ezingaki**?*

6.1 Esithombeni kukhona umuzi...**khulu**

6.2 .Imoto kababa...**ncane** uyigeza yedwa

6.3 UDelisile ushanela igceke ngomshanelo -**sha**

6.4. Isihlahla –**de** senza umthunzi omnandi kugogo nomkhulu.

6.5 Umalume ugibela iladi –**ngaka** ukuze asebenze ophahleni lwendlu.

6.6 Intombazane –**hle** iyathandeka.

[6]

7. Buka isithombe bese ushintsha amabizo emshweni ebhalwe ngaso isithombe uwenze abe izabizwana zoqobo *Absolute pronoun*.

Isibonelo: (i) **Imfundo** ibalulekile kubantu bonke.

(ii) ***Yona***

7.1 *Imoto* egcwele abantu abaphuze 7.2 *utshwala* isishayise 7.3 *ibhayisikili* ebelihamba emgwaqweni. Abanye baphethe 7.4 *amabhodlela* otshwala baphula 7.5 *umthetho* womgwaqo. 7.6 *Umalume* uyabakhuza kodwa abalaleli.

[6]

8. Gcwalisa imisho elandelayo emayelana nesithombe usebenzise iziqu Zongumnini *possessive* uchaze okwenzeka kuso.

Isibonelo: (i) Kuthiwa sifika nini isitimela –kho?

(ii) Kuthiwa sifika nini isitimela sakho?

8.1 Umngani (-ithu) uTholakele wenzelwe umcimbi wokugubha usuku lokuzalwa.

8.2 Zonke izihlobo (- khe) bezimenyiwe noma zingafikanga zonke.

8.3 Mina isipho (- mi ) engimthengele sona ngisithenge kwa-Mr Price.

8.4 Abangani sebefake izigqoko (-bo) abazinikwe umama kaTholakele.

8.5 Umama uthi, " Usuzosika ikhekhe (-kho) khona sizodla sonke."

8.6 Indaba (-inu) ayikholakali.

[6]

9. Guqula amagama abhalwe ngokunzima abe undaweni *locatives*. Bhala igama kuphela.

Isibonelo: Umama ufaka icici **indlebe**

Umama ufaka icici **endlebeni**.

9.1 Kade ngimile **isitobhi**.

9.2 Umalume uya **umuzi** wakhe.

9.3 Umama usebenza **iTheku**.

9.4 Ngimilwe induna **ikhala**

9.5 Ngizothenga ukudla kwami **uSpar**.

9.6 Umfana udlala ibhola **umgwaqo**.

(6)

10. Bhala amagama aphikisana *opposites* nalawa abhalwe ngokugqamile kulawa angenzansi. Khetha kulawa [umalumekazi, unkosikazi, udadewethu, intombazane, ugogo, umzala, ubaba ]

10.1 **Umkhulu** uzosihlabela isikhukhukazi ekhaya.

10.2 Bekumenywe **abafana** zodwa emcimbini wakwaKheswa.

10.3 Namhlanje kuhola **umama** yedwa.

10.4 **Umfowethu** ufundisa ukupheka esontweni.

10.5 **Umnumzane** welusa izinkomo.

(5)

ISAMBA [80]